# IBhayibheli LaBantwana
## Likulethela

# UJoshuwa Uba-umHoli



Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Kwabonakala ngu: Janie Forest
Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Indaba 13 kwezingu 60

**www.M1914.org**

***Bible for Children,*** *PO Box 3, Winnipeg, MB R3C 2G1 Canada*
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

isiZulu Zulu

UMose wayesedlulile emhlabeni. UJoshuwa wayesazi ukuthi uNkulunkulu wayesekhethe yena ukuba ahole ama-Israyeli. Ngaphambi kokuba uJoshuwa alungiselele ibutho lakhe, kwakumele azilungise yena kuqala. UNkulunkulu wathembisa uJoshuwa ukunqoba kanye nokuchuma ezweni lesithembiso uma abantu bakhe behlala belalela izwi likaNkulunkulu.



1



Ama-Israyeli athembisa ukulandela uJoshuwa kanye nokulalela izwi likaNkulunkulu njalo.

2

Ngobukhulu ubuhlakani, abaholi bama-Israyeli abasha bethumela izinhloli ukuba ziye eKhanana ziyohlola iziviko zedolobha elikhulu laseJeriko. Impi yokuqala yama-Israyeli yayiyokulwelwa khona lapho.



3



Kukhona owazisa iNkosi yase-Jeriko ukuba kukhona izinhloli edolobheni. Wathumela amasosha akhe ukuba ayobafuna. Ukusesha kwaqala endlini ka-Rakhabi, lapho kwakuhleli khona lamadoda. Amasosha angqongqoza ngesihluku. Ngokukhulu ukushesha, u-Rakhabi wafihla lamadoda ngaphansi kwezitshalo.

4

Athi esehambile amasosha, u-Rakhabi wasebenzisa intambo ebomvu ukuba ehlise amadoda ngaphandle kodonga ledolobha laseJeriko ngokuphepha. Kungani asiza izinhloli? Kungoba weyazi ukuba uNkulunkulu wayenabo. Wayefuna ukuba uNkulunkulu asindise impilo yakhe.



5

Ngaphambi kokuba bafika e-Jeriko, ama-Israyeli kwakumele ejombe umfula weJodani awelele eKhanana, emhlabeni wesithembiso sikaNkulunkulu. Kodwa kwakungekho bholoho! Babezowela kanjani abantu?



6

UNkulunkulu wayala uJoshuwa ukuba abapristi kwakumele kube ibona abahola amasosha kanye nabantu, bephethe itshe elalinemiyalo eyamashumi. Kwathi izinyawo zabapristi zithinta umphetho womfula, uNkulunkulu wenza isimmangaliso. UNkulunkulu wagudluza amanzi kwasala koma.



7

Emva kokuba bonke abantu sebeweleli futhi bephephile, babeka amatshe ayishumi nambili ngaphansi komfula namanye futhi ayishumi nambili edongeni lomfula waseKhanana. Lezi kwakuyizikhumbuzo zokufundisa izingane zabo ngamandla kanye nothando olukhulu likaNkulunkulu.



8
















UJoshuwa Uba-umHoli

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

UJoshuwa 1-6

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

**UNkulunkulu uyazi** ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa.

**uNkulunkulu walithanda izwe** kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. **UJesu wase evuka ekufeni** wanyukela ezulwini. Manje uNkulunkulu engasithethelele izono zethi.

**Uma ufuna ukuphenduka esonweni sakho**, ithi kuNkulunkulu: Nkukulunkulu, ngiyakholwa ukuthi wangifela esiphambanweni, manje uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami futhi ungithethelele izono zami, ukuze ngizoba nempilo entsha, khona ngizoba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni Johane 3:16.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke!